ISOLEZWE – 3 MARCH 2023

Kuhlukene imibono ngeholo elifanele abasebenzi

BONISWA MOHALE

KUHLUKENE imibono ngokunyuswa kwemali okufanele iqale ukuholwa ngabasebenzi, phecelezi i-national minimum wage esiwuR25.42 isuka kuR23.19 ngehora.

Umfelandawonye wezinyunyana iCosatu uthe uyasamukela isinqumo sokunyuswa kwale mali ngoba kuzoba nomehluko kubasebenzi abawu-6 million abaholelwa ngalolu hlelo.

Kulabo basebenzi iCosatu ibale abasebenzi basemapulazini, abasezindlini, abasebenza ezitolo, abasemkhakheni wokwakha, owezokuvakasha, abasebenza ukuhlanza, onogada nabathela uphethroli.

Ithe njengoba iholo sekumele liqale kuR25.42 kusukela ngoMashi 1 nonyaka, abasebenzi abahola kancane sebezokwazi ukunakekela imindeni yabo, bakwazi ukwenza izidingo zabo.

I-Cosatu ithe yize ikujabulela ukunyuka kwale mali kodwa ikhathazekile ngesibalo sabaqashi abakhetha ukungabaholeli abasebenzi ngokomkhamo obekiwe.

Igugquzele abasebenzi, izinyunyana nezinye izinhlaka ezisemkhakheni wabasebenzi ukuba zicebe abaqashi abawushaya indiva lo mklamo.

Inhlangano yabalimi iKwaZulu-Natal Agricultural Union (Kwanalu) ithe ukunyuswa kwemali okumele iqale ukuholwa ngabasebenzi, kubasebenzi kusho ukuthi kwabasebenza emapulazini isinyuke ngo-9.6% nokuyinto ezoklinya abalimi.

Le nhlangano ikhale ngokuthi isimo somnotho sibi kakhulu kubalimi njengoba bebhekene nezingqinamba ezihluleke.

Isikhulu esiphezulu seKwanalu, uNkk Sandy La Marque sithe abalimi babhekene nezingqinamba ezenza kube nzima ukuthi badale umsebenzi kusukela ngo-2019.

Kulezo zingqinamba ubalule isimo somnotho esenza kungabi lula ukukhiqiza, ukwehla kwamandla emali okuholela ekutheni kunyuke izinsiza kusebenza, izikhukhula, izibhelu zangoJulayi ka-2021, isifo samatele, ukubhidlika kwengqalasizinda nemigwaqo nokunganyulwa kukagesi.

Uthe iKwanalu ikholwa wukuthi ukunyuswa kwesiqalo somholo kuzokwenza kube nzima ukudala imisebenzi emakhaya kodwa bazoqhubeka nokubheka ezinye izindlela zokulungisa lolu daba.

Isikhulu esiphezulu seNational Employers Association of South Africa (Neasa), uMnuz Gerhard Papenfus, sithe ukunyuswa kwale mali kwengeza umthwalo kubaqashi ngoba abaningi kabakwazi ukukhokha imali abangenayo.

Uthe uma abaqashi bephoqwa ukuthi banyuse amaholo ngemali abangenayo bazogcina bediliza abasebenzi noma banciphise amahora okusebenza futhi basebenzise kakhulu imishini.

Ubuze ukuthi njengoba izwe linabantu abaningi kangaka abangasebenzi, ngabe ukunyuswa kwemali okumele iholwe ngabasebenzi yisisombululo yini ngoba abaqashi babhekene nezindleko ezinngi?

Uphethe ngokuthi umnotho awukhuli kahle, izwe aliphethwe kahle futhi uhulumeni uyahluleka wukuletha impilo engcono ebantwini.

Uthe leli holo ngeke lenze mehluko ebantwini abambalwa abatohozayo futhi ngeke liholele ekutheni kudaleke amathuba emisebenzi.